



**KWAZULU-NATAL PROVINCE**  
HUMAN SETTLEMENTS  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# **UMNYANGO WEZOKUHLALISWA KWABANTU: ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI**

*Isaziso ngokweSigaba 15  
soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini, wezi-2000  
(UMthetho No. 2 wezi-2000)*

## **IZIGABA ZAMAREKHODI ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUTHI UMUNTU AFAKE ISICELO**

La marekhodi alandelayo atholakala ngaphandle kokuthi umuntu afake isicelo sokuthola irekhodi ngokwe-PAIA. Nokho-ke ukudalulwa kwalezi zigaba zemibhalo kuyoncika ekubuyekezweni yilowo oyiSikhulu Esibhekele Ulwazi ngokwesigaba 15(4) se-PAIA.

Umphakathi ungakwazi ukuwathola mahhala la marekhodi kusizindalwazi soMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu waKwaZulu-Natali ([www.kzndhs.gov.za](http://www.kzndhs.gov.za)).

Amalungu omphakathi angeke akwazi ukungena kusizindalwazi ayakhuthazwa ukuba axhumane neSikhulu Esibhekele Ulwazi noma lowo oliSekela leSikhulu Esibhekele Ulwazi ngenhloso yokuhlela ukuthi angaphrintelwa kanye/ noma angawabuka nini lawo marekhodi adingekayo angena ngaphansi kwalawa abalwe lapha ngezansi.

Izigaba zamaRekhodi atholakala ngaphandle kokuthi umuntu afake isicelo sokuthola irekhodi:

- (1) Uhlaka lomumo woMnyango;
- (2) Imininingwane Yokuxhumana, iHhovisi likaNgqongqoshe
- (3) Imibhalo emaqondana nohlolojikelele lwamasu okusebenza neminye ehambisana nayo (Imibiko Yonyaka, Izinhlelo Zamasu Okusebenza kanye Nemibiko Yokwenziwa Komsebenzi)
- (4) Izinsiza Ezihlinzekwayo (kuhlanganisa imininingwane emayelana nohlobo kanye nemibandela yokufaneleka esebenza maqondana neMixhaso Yezindlu zikaHulumeni eyahlukene
- (5) Ulwazi olumaqondana neZinhlelo kanye neMiklamo Yezindlu
- (6) Isitatimende Sobumfihlo
- (7) Ulwazi olumaqondana nezinsiza (Imithetho, Izinqubomgomo, Imiqulu, Imihlahlandlela kanye nezinqumo zeNkantolo)
- (8) Ulwazi olumaqondana nabezindaba nemithombo yezokwazisa (Izinkulumo, Izincwadimbiko, izindaba ezikhishelwa abezindaba kanye nezikhala zemisebenzi)

(9) Amathenda (Izilinganisimanani kanye neZikhangiso)

---

uMnu M O S Zungu

Isikhulu Esibhekele Ulwazi

Usuku: